**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE EMCIMBINI WOKUPHENDULA ISOYI ENQHUDENI ENQUTHU MHLAKA 03 APRIL 2009.**

**Ngiyanibingelela nonke**

- Ukuhlangana kwethu namhlanje kusakhombisa kona ukuthi uhulumeni wethu unezindlebe futhi uyezwa. Njengohulumeni okhethwe ngentando yeningi siphendula izicelo zabantu bakithi, sikwenza lokho ngaphandle kokubheka ukuthi ngabaliphi iqembu lepolitiki.

- Isabelomali sethu kule minyaka edlule sisiqondise ku-Operation KuShunquthuli nakwezokuphepha emgwaqeni. U-Operation kuShunquthuli usho ukwakhiwa kwemigwaqo, ukwakhiwa kwamabhuloho ezinyawo nawezimoto, ikakhulukazi ezindaweni zasemakhaya.

- Siyazi ukuthi njengezwe, imisebenzi yethu igxile ku-2010. Kodwa njengoMnyango wezokuThutha sifuna ukuqinisekisa ukuthi ngenkathi sigxila ku-2010 nangemuva kwawo, siyaqhubeka nokuletha imigwaqo emiphakathini yasemakhaya engathintekile ngqo emisebenzini ka-2010.

- Ngakho-ke isabelo mali sethu sisiqondise ezindaweni ezinjengeNquthu, lapho abantu besahamba amabanga amade beya emitholampilo, ezibhedlela, ezikoleni nasezimpeshenini. Sithi njengohulumeni asikwazi ukuvumela isimo lapho abantu bakithi bengakwazi ukufinyelelela osizweni.

- Namhlanje siphendula isicelo somphakathi ocele ukwakhelwa umgwaqo ozosuka ngaseQhobo High neGwija Primary School, ozosiza imindeni engaphezulu kuka-100 endaweni yaseMlambomunye neBagayi. Ibalelwa ku-R21 million imali ezothathwa yilo mgwaqo ongu-11,5 km ubude.

- Njengamanje awukho umtholampilo oseduze okwenza abantu abagulayo bathwalwe ngamabhara ibanga elide. Ngakhoke ukwakhiwa kwalo mgwaqo kuzokwenza lula ukufinyelela emtholampilo ongumahamba nendlwana, izikhungo zempesheni izimoto zefenisha, izimoto zezidumbu namatekisi.

- Ekuphothulweni kwawo, lo mgwaqo uzongena ngaphansi kohlelo lukaZibambele, okuzodala amanye amathuba emisebenzi komama bendawo.

- kuyangijabulisa ukuthi ngaphansi kwe-RRTF yaseNquthu sesinoZibambele abangu-1 343. Kunamaqembu okonga angu-39 okumanje aseqoqe imali engu-R359 628. Kumele siyikhiphe ipolitiki kulolu hlelo. Osonkontileka kumele baqokwe ngokubheka izinga lobuphofu emiphakathini yabo.

- Kukhona neminye imisebenzi esiyenzile ezindaweni ezingaphansi kwe-RRTF yaseNquthu, njengokwakhiwa kwemigwaqo yezindawo (local roads) ngesamba sika-R3,8 million nokwakhiwa kwamazibuko okuwela (causeway) ngesamba sika-R5,5 million.

- Akuqali njalo ukuthi sibe nohulumeni eNingizimu Afrika naKwaZulu-Natal ikakhulukazi. Kodwa abantu ezindaweni esesakhe kuzona le ngqalasizinda sebexoxa indaba ngoguquko abalubona ezimpilweni zabo.

- Nakuba singenayo imali eyenele, sizolokhu sizama ngokusemandleni ukuvala igebe ngokufuqa umkhankaso ka-Operation Kushunquthuli ukuze ekugcineni izimpilo zabantu baKwaZulu-Natal zibe ngcono kunayizolo nekusasa labo libe ngcono kunenamuhla.

- Sengiphetha, kuleli besethula uhlelo lwezokuphepha emgwaqeni ngamaholide ePhasika KwaZulu-Natal lapho besibheka imikhankaso ezoqhubeka emasontweni ezayo.

- Kuleli Phasika sizoqinisa ezokugcinwa komthetho emigwaqeni yonke esifundazweni, sigxile kulokhu:

- Ukuphepha kwabahamba ngezinyawo
- Abashayela bephuzile
- Izithuthi zomphakathi namaveni
- Ukusika okungafanele
- Izimoto ezingenawo ama-number plate

- Ngaphandle kwalokhu, kukhona uhlelo lwezokugcinwa komthetho olubanzi lwezimvimbamzila esiluvezele abezindaba saludalulela umphakathi. Ungasho-ke ukuthi awuxwayiswanga.

**Ngiyabonga**